

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Rogate, ngomhla ka 10. 05. 2015

27/2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela lolusuku, lilotshiwe kuwo amaH. 66:20, lithi: **"Makabongwe uNkulunkulu ongalahlanga umkhuleko wami nomusa wakhe kimi."**

1. Iculo 219/170
2. **Umkhuleko:** Makabongwe uNkulunkulu ongalahlanga umkhuleko wami nomusa wakhe kimi. Amen.
3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Ekes. 32:7-14;
Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku 1 Thimothewu 2:1-6a;
Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Luka 11:5-13.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 225/187
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 16:23b-33, lithi: "Ngqiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Lokhu eniyakukucela kuBaba egameni lami uyakuninika khona. Kuze kube kalokhu anicelanga lutho egameni lami. Celani, niyakwamukeliswa ukuba intokozo yenu igcwale. Ngikhulumé lokho kini ngemifanekiso; isikhathi siyeza, lapho ngingasayikukhuluma ngemifanekiso; kodwa ngiyakunitshela ngoBaba ngokusobala. Ngalelolangi niyakucela egameni lami; angisho kini ukuthi ngiyakunicelela mina kuBaba; ngokuba uBaba uqobo uyanithanda, ngokuba ningithandile mina, nakholwa ukuthi mina ngavela kuNkulunkulu. Ngavela kuBaba, ngeza ezweni; ngiyalishiya futhi izwe, ngibuyela kuBaba. Abafundi bakhe bathi kuye: Bheka, manje usukhuluma ngokusobala, awusakhulumi mfanekiso. Kalokhu siyazi ukuthi wazi konke awudingi ukuba umuntu akubuze; ngalokho siyakholwa ukuba wavela kuNkulunkulu. UJesu waphendula wathi: Seniyakholwa manje na? Bhekani, isikhathi siyeza, yebo, sesifikile sokuba nihlakazeke, yilowo nalowo aye kokwakhe, ningishiye ngingedwa; nokho angingedwa, lokhu

uBaba unami. Lokho ngikukhulumé kini ukuba nibe nokuthula kimi. Ezweni niyakuba lusizi, kepha yimani isibindi, mina ngilingobile izwe." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo, igama lesonto lanamuhla ngesiZulu lithi: Khulekani! Simelwe, sifanele ukukhuleka nokucela kuNkulunkulu, ngoba sinesithembiso ukuthi uyakuyizwa imikhuleko yethu. "Lokhu eniyakukucela kuBaba egameni lami uyakuninika khona."

Ngicabanga kuthi akukho muntu owayenokukhuleka egameni likaJesu engakafi. Kodwa ake sikhumbule ukuthi wazithatha izono zethu, wafa ezithwele ezami nezakho. Thina asihlale kuJesu, ngoba yena uyasho ukuthi: "Uma nihlala kimi namazwi ami ehlala kini, niyakucela enikuthandayo, nikwenzelwe." Ngakho lokhu uMduduzi ohlala kithi uzosifundisa, asikhumbuze amazwi akhe, Joh. 14. 26. Sizoyazi intando yakhe, sicele lokhu afuna ukuba sikucele egameni lakhe. Isithembiso sakhe sithi: "Celani, niyakuwamukeliswa ukuba intokozo yenu igcwale."

Kuningi uJesu ayekukhuluma ngemifanekiso. Okunye, noma yena engafanekisi abafundi babekuzwa ngokungathi ukhuluma ngemifanekiso. Ngicabanga ukuthi nendaba yokufa nokuvuka kwakhe babeyizwa kanjalo. Isikhathi siyeza, lapho ngingasayikukhuluma ngemifanekiso. Sasingakafiki ngesikhathi ekhuluma kwakusadingeka ukuba ukufa nokuvuka kwakhe kube izinto ezenzekayo. Masikhumbule ukuthi uNkulunkulu uyasithanda. Singaya kuye sicele egameni likaJesu uMsindisi wethu. Futhi kukhona ukuzwana okupheleleyo phakathi kukaNkulunkulu noJesu. Futhi okukaNkulunkulu sizokubona ngokusobala, ngoba singabakhe.

Okholwa nguJesu uyakholwa, ngoba azi ukuthi yena wazi konke. Thina masingazihluphi ngemibuzo eminingi, ngoba siyakholwa nguJesu uMsindisi wethu. Sizwile kaningi ukuthi uNkulunkulu uyasithanda thina. Singaya kuye sicele egameni likaJesu. Umuntu okholwayo kufanele abambelele kulokhu okuthathu: Okokuqala: UNkulunkulu uyangithanda. Okwesibili: UNkulunkulu wazi konke, futhi unamandla onke. Okwesithathu: Akufanele ngikhathazeke ngemibuzo eminingi.

Ngalokho siyakholwa ukuthi wavela kuNkulunkulu. UJesu uyabuza-ke ukuthi: "Seniyakholwa manje na?" Ngicabanga ukuthi abafundi babethi sebefikile ekukhanyeni. Futhi kungaba kwakukhona ukuzethemba okuthile emazwini abawakhulumayo. Ukukholwa esinakho kuzohlolwa. Kulula ukusho ukuthi ngiyakholwa. Akuyona into encane nelula. Kodwa bonke abayakukhuleka egameni lakhe bayasindiswa. Yebo, bazalwane, uJesu wakhuluma lamazwi, sekuhlwile impela. Kwase kusele amahora ambalwa afike uJuda namaphoyisa bazombamba. Kwase kuyibo ubusuku ayezokhashelwa ngabo. Abafundi abathi bayakholwa babezohlakazeka.

Yilowo nalowo aye kokwakhe. Futhi wayengevume ukuba bamlwele. Wayengevume ukuba abafundi babanjwe nabo. Babezomshiya, ngoba kwakungekho lutho ababengakwenza. UJesu uzosala yedwa.

“Nokho angingedwa, lokhu uBaba unami,” uJesu ufuna ukuba sibambelele kulokhu asitshela khona. Yena uthunywe nguYise, wenza umsebenzi kaYise. UYise akanakumshiya, ngoba bamunye. “Mina noBaba simunye.” Yena uJesu uyaduduzwa yilamaqiniso amakhulu, noma wasosizini ngalendlela enzima ayihambayo. Yena unokuthula enhliziyweni yakhe. Futhi uyafuna thina esingabafundi bakhe namuhla sibe nokuthula. Lokho ngikukhulume kini ukuba nibe nokuthula. Washo ngenye imini wathi ukuthula kwakhe usipha khona.

Uthi siyakubalusizi, kepha masime isibindi. Yena ulinqobile izwe. Ababezombethela wababiza ngokuthi bayizwe, futhi babuswa umbusi walelizwe. Babezombamba, bamhluphe, bambethele esiphambanweni, afele khona. Kodwa uthi: “Ngilinqobile izwe.” UJesu wayengasho ukuthi usazolinqoba, kodwa walingoba ngesikhathi ekhuluma. Wayenzeke afe, ngoba izwe limahlula. Uzowadelela amandla obumnyama, asebenze, kodwa awanakumahlula. Konke okwakuzokwenzeka ngolwesihlanu, kwakuzokwenzeka, ngoba kwavuma yena. Uthi: Yimani isibindi, bafundi bami!

Bandla! Ukukholwa kwethu kuzobonakala, uma sibambelela kulamazwi akhulunywa nguJesu. Asidingi ukulesaba izwe, ngoba ulinqobile yena. Wanqoba engakayi esiphambanweni, wanqoba engakavuki ekufeni. Ukunqoba kwakhe kwalicebo eliphakade likaNkulunkulu. Kodwa khulekani ningaphezi. Qiniselani ekukhulekeni, nilinde kukho ninokubonga. Nathi nisikhulekele ukuze uNkulunkulu asivulele umyango wezwi ukuba sikhulume imfihlakalo kaKristu engiyisiboshwa ngenxa yayo. Amen.

9. Umkhuleko: Wozani, masikhuleke, sikhothame, siguqe phambi kukaJehova, uMenzi wethu. Ngokuba yena unguNkulunkulu wethu, thina singabantu bedlelo lakhe nezimvu zesandla sakhe. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 220/176

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009 ngu-E. M. Mkhabela.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.